16/1/14

ILANGA, NOVEMBER 29 – DECEMBER 1, 1990

# AbePAC nabe-ANC basafuna inswinywe futhi iSouth Africa

ILANGA 29/11/90

**ETHEKWINI. - Izinhlangano ezimbili zaseSouth Africa ezilwela amalungelo oluntu, i-African National Congress (ANC) nePan Africanist Congress (PAC), zinxuse amazwe ase-Afrika angu-19 ajoyine ngaphansi kwePreferential Trade Area (PTA) ukuba aqhubeke nokuduba elaseNingizimu Afrika.**

UDr Nelson Mandela, iPhini likaMongameli we-ANC, ukusho lokhu ekanye noMnuz. Clarence Makwetu, umongameli osabambile wePAC, emhlangwaneni obuwenziwe ngamalungu ePTA eSwazini othathe izinsunku ezimbili ngempelasonto.

IPTA yabunjwa ngo-1984 ngamazwe ase-Afrika, ngenjongo yokuba amazwe angaphansi kwayo akwazi ukubonisana ngokuthi azohweba namaphi amazwe. Abaholi abaningi balamazwe abazimisele nakancane ukuba bahwebelane neSouth Africa ngaphandle kokuba iqede ubandlululo nokubuswa ngokwehlukana.

Lababaholi bobabili bathe umnotho waseSouth Africa uyothuthukiswa emuva kokuba lelizwe selithole inkululeko. Bathe uma lungase luyekwe unswinyo, kuyobanemiphumela emibi ngesikhathi esizayo esiyothikamezwa wubudlelwano obungenziwa ngamazwe angaphansi kwePTA uma neSouth Africa isabusa ngokubandlulula.

UDr Mandela uthe uyazi ukuthi kukhona amazwe ase-Afrika aseqaleli ukuhwebelana neSouth Africa selokhu uMongameli F.W. de Klerk akhipha inkulumo eshibili ngoFebruary 2 nonyaka. Ube esexwayisa lamazwe asezwelana neSouth Africa ngokuthi uma eqhubeka lokho kuyodala ubulukhuni ezingxoxweni ezisaqhubeka, eziphakathi kukaHulumeni waseSouth Africa kanye nezinhlangano ezimele uquqaba.

Ukwesekwa kwe-ANC nePAC kubonakale ngaphambi kokuba kuqale umhlangano ngesikhathi abaholi balezizinhlangano bebonisana nabaholi bamazwe amahlanu angobhongoza e-Afrika, kuwona okukhona iZimbabwe, Angola, Zambia, Mozambique kanye neBotswana.

UDr Kenneth Kaunda emuva kwalokhukubonisana uthe isimo esibekwe ngabaholi bezinhlangano zaseSouth Africa siyanyantisa. Ngaphezu kwalokhu uthe imibiko abayitholile ibenza babenobusuku obubuhlungu. Ephetha uthe indlela uMnuz. de Klerk abemthatha ngayo njengoba bagcina ukubonana eLivingstone ngasekuqaleni kwalonyaka, ayifani nalena ayinikwezwa nguMnuz. Makwetu noDr Mandela.